The Department provides residential care and support services to 4 268 children in 73 Child and Youth Care Centres, including eight state-owned facilities. In addition, a total of 9 981 children were placed in foster care and 49 were approved for adoption.

More than 83 525 children have to date benefited from the foster care services.

The Department has continued to implement the Isibindi Model, which provides care, protection and development support to more than 55 324 orphans and vulnerable children that were

affected by HIV and AIDS and other social challenges.

These services were provided by 1 687 child and youth care workers, who receive a stipend and thereby contributing to job opportunities for the youth.

The Department is pressing ahead with assisting 2 939 children who are in conflict with the law.

One of the major achievements in this regard is the accreditation of Departmental district sites and programmes to render diversion programmes.

The Department has continued to implement secure care programmes in four state-owned Child and Youth Care Centres in different districts, including eThekwi Metropolitan and Amajuba District.

The Department also runs two youth development academies in Eshowe and Jozini, which is producing skilled youngsters drawn from unfavorable backgrounds all over the province, in such fields as electricity, plumbing, building, business, computers, etc.

"Government has had to intervene in taking care of children whose parents leave them at the mercy of relatives, friends, and strangers, who may or not be able to give the children the necessary support and care they deserve as young people, especially shelter, education, food, health care and other necessities of life."



SIBONGISENI DHLOMO

KUBE yintokozo enkulu kithina ukusokwa komuntu obe ngowesigidi osokwe KwaZulu-Natali, selokhu Isilo SamaBandla sahlaba ikhwelo lokuba kusokwe amadoda esifundazweni sakithi ukuze kunqandwe ukubhebhetheka kwegciwane lesandulela-nculazi, i-HIV. Sibe nomcimbi lapho iSilo Samabandla besiphelezelwa wuNdunankulu wakwaZulu-Natali uMnuz Willies Mchunu, namakhosi asendlunkulu eholwa yinkosi uChiliza siyokwethula umbiko mayelana nokusokwa kwabesilisa kwaZulu-Natali.

Siphinde sembula nebhodi elikhulu eliqhakambisa ibanga eselihanji ukusoka abesilisa, futhi liphinde linxenxe nabanye ukuthi basoke. Sisazowembula amabhodi afana naleli nakwezinyeizindawo esifundazweni, ukuze lomyalezo wethu wokubaluleka obaluleke kangaka wokusoka ufinyelele ukabantu abanangi.

Kufanele futhi sikusho ukuthi selokhu sawuqala lomkhankaso ngo-2010, akukaze kubikwe sigeameko sokushona komuntu ngoba kuphephile.

Lolu holo IweSilo luyisimangaliso. Sasivele shishilo iSilo ukuthi akungashi noyedwa umuntu. Kwezinye izindawo siyaye sibone kuba nezinkinga, abantwana bahambe beyosokwa bangabuyi, abanye bashone. Sibonga iSilo nesibusiso saso nangokusinika umhlahlandlela nomfutho wokuvuselela lomkhankaso.

Sithi, 'Khula Silo. Siyayibonga imisebenzi yakho'. Manje sesiphusha isigidi sesibili ngoba kufanele basoke abantu, ukubonakale ukuthi lokhu kuyasilekelela yini ukwehlisa umthamo wokuthelelana kwabantu ngegciwane lengculazi lisuka komunye liya komunye.

Ngeke sibashiye ngaphandle bonke abantu ababambe iqhaza empumelelweni yalomkhankaso, kusukela kwizinyane leSilo,

UDKT SIBONGISENI DHLOMO

UNGQONGQOSHE WEZEMPILO KWAZULU-NATAL



SINENSELELO YOKUSOKA ESINYE FUTHI ISIGIDI SABESILISA NGOKUSHESHA



uMntwana uNhlanganiso Zulu, kuye kubasebenzi bezempilo, izinhlangano esibambisene nazo ezizimele, namadoda asesokile, kuze kufike kubazali abasabelile kuleli khwelo baletha abantababo ukuze sibasoke, kanye nalabo abasazosabela. Impumelelo engaka yokusokwa kwabesilisa isiqinisa idolo, isinike nethemba

lokuthi iyogcina ifezekile injongo kahulumeni wakuleli yokuthi kubo nezizukulwane ezingayazi nhlobi i-HIV. UKusoka kumqoka njengoba kuvimbela ukubhebhetheka kwegciwane lesandulela ngculazi (HIV). Kwehlisa amathuba okusuleleka nge-HIV kowesilisa kusuka kowesifazane ngo 60%; kuphinde kugweme ukupathwa

wumdlava za wesibeletho kowesifazane. UKusoka kunenzuko enkulu kowesilisa njengoba kwenza isitho sakhe sangasese sihlale siphile kahle futhi sihlanzekile, kwehlise namathuba okuba owesilisa aphaathwe wumdlava za wesitho sakhe sangasese.

Ngeke kusisize nokho ukuthi sigije kuze kweqe ngempumelelo yalomkhankaso ngoba umsebenzi awukapheli.

Empeleni, sinenselelo yokuba siphinde sisoce abanye futhi abesilisa abayisigidi ngokushesha ukuze umthelela walomkhankaso uwakale kakhlulu kunakuqala ukwehlisa isibalo sabantu abangenwa yi-HIV kanye nezinye izifo ezithelelana ngokocansi.

Njengenhlayenza, njengoba kuzoqala amaholide ezikole ka-Juni, uMnyango wezeMpilo uzophinda ube nezinkambi lapho sifundisa abesilisa ngempilo, siphinde sibahlole, bathole nokululekwa ngokwengqondo, maqede basokwe. Imininingwane mayelana nalezi zinkambi, ezizoba kuzo zonke izifunda eziyishimi

OWEZEMPILO WETHULE AMA-AMBULENSI AMASHA CEKE ANGU 89 AZOSIZA UMPHAKATHI

Ukwethulwa kwama-ambulance angu-89 amasha ceke azokwenza uHulumeni ukwazi ukusiza ukwesabela ngokushesha ukubantu abadinga usizo Iwezimo eziphuthumayo, ngisho nasezindaweni ezipemakaya.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali uDkt. Sibongiseni Dhlomo uthi lama ambulensi azosatshalalisa kuzo zonke izifunda ezingu 11 zezeMpilo.

Ngesikhathi ethula inkulomo yakhe ubonge abasebenzi bezimo eziphuthumayo (Emergency Medical Services) ngeqhaza abalibambayo ekuhlengeni umphakathi ngezinsiza zezeMpilo, waphinde wanxusa umphakathi ukuba ubahlionpho njengoba behlenga impilo yabantu abasuke bexakekile. "IsiFundazwe sethu siyikhaya ebantwini abangaphezulu kuka 10,5 million nokuchaza ukuthi u21% wezwe abantu baKwaZulu-Natal.

Abantu abangama percent angu 80 bathembele kwezeMpilo zikaHulumeni ekutholeni usizo IwezeMpilo kanye nasezindweningi zeMpilo. "Abezimo eziphuthumayo

benza umsebenzi omqaka. Bakwazi ukusheshe baphuthume uma kunezigameko zodlame, kunabaliimele noma abahlukumezekile. Baba abezeMpilo bokuqala ukufika endaweni yesehlakalo noma ekhaya lapho esuke egulela khona umuntu, ukumxilonga bese bemnika usizo ngendlela emufanele. "Kumqoka ukuthi abezimo eziphuthumayo bafike endaweni yesehlakalo ngehora lokuqala ingozi yenzekile esikubiza nge 'Golden hour' ngoba lokhu kwandisa amathuba okuthi umuntu olimele asheshe asinde."

UNgqongqoshe uthe ngenxa yokuba banzi kwasifundazwe kanye nemigwaqo ethile engemihle, ama-ambulensi asheshe enyukelwe ama-kilometer, okwenza zisheshe zifike ku 250 000km, bese kudinga zidayswe ngoba zisuke seziqala ukuhlupha, nokungakwazi ukusebenza ngendlela efanele. "Ngenxa yokuthi ukuzishintsha kumba eqolo, kwsinye isikhathi siyaphoqeleka njengoMnyango ukuthi siqhubeke ngazo sezindala. "Sijabule kakhlulu

nokho ngokuzokwethula lama ambulance angu 89 anabo bonke ukuxhakaxhaka bokuhlenqa umuntu ngaphakathi, ehambisana nemithetho yabezimo eziphuthumayo.

Lama-ambulensi azobe esesatshalalisa ezipfundeni ezingu-11 esifundazweni ukwelekelela lawa akhona. Sibona ukufaka ama ambulance amasha kuzokwelekelela kakhlulu kwabezimo eziphuthumayo njengoba behlale bematas."

Ukusatshalalisa kwama ambulensi kubandakanya nalolu hlobo Iwezimoto esezezhintshiwe zenziwa ama-ambulensi:

- Ama-Mercedes Benz Sprinter angu-36;
 - Ama VW Crafters awu-35 kanye;
 - Nama-Toyota Hilux angu-18.
- Selulonke uhlelo lokutshwalwa kwama-ambulensi ezipfundeni ezaahlukene lumi kanje: **IZIFUNDA EZABELWE IZIMOTO**: Amajuba izimoto ezingu 5, Ethekwini izimoto ezingu 12, Harry Gwala izimoto ezingu 8, ILembe izimoto ezingu 7, Ugu izimoto ezingu 8, Umgungundlovu izimoto ezingu 9,



UMkhanyakude izimoto ezingu 8, Umzinyathi izimoto ezingu 6, King Cetshwayo izimoto ezingu 9, UThukela izimoto ezingu 8 kanye nase Zululand izimoto ezingu 9. Sezonke izimoto ezabelwe izifunda zingu 89

Abezimo eziphuthumayo ungabashayela kulenombolo yamahhala uma kunesimo esiphuthumayo: 10177
Iseluleko esibhekiswe emphakathini uma ushayela lenombolo yabezimo eziphuthumayo

nanye zakulesi sifundazwe, izomenyezelwa khona maduze emithonjeni yezindaba.

Kubalulekile ukuhlumelelisa isimilo kubantu besilisa kusukela besebancane ukuze bakhule babe ngamadoda aqotho angomuso, azozihlonipha, aphinde ahloniphe abantu besifazane kanye nezingane.

Ngalendlela, siyethemba nokuthi siyogcina sishabalele isihlava esibhekene naso sokuhlukuneyza kwabantu besimame nabantwana.

Sithanda ukunxusa abesilisa asebekhulile abangakasokwa kanye nabazali noma labo ababheke abantwana babafana abangakasokwa ukuba bayibhekisise inzuzzo yokusoka, balenthe abantwana bezosokwa.

UKusoka kwensiwa mahhala, futhi kwensiwa abantu abanolwazi olunzulu ekusokeni, nokwenza kungabi buhlungu obungako.

Umuntu osokile usheshe elaphiske, futhi uhlala ephephile, aphile isikhathi eside.

Uma ufuna ukusoka, nakhu okumele ukwenze:

- Yiya emtholampilo oseduze nawe, lapho bazofike bakweluleke baphinde bakweseke;
- Kulungele ukuthi ungafile uhlolele ushukela, umfutho wegazi, isifo sofuba kanye negciwane lesandulela ngculazi;

Siyafisa ukukugcizelela ukuthi ukusoka akumuniki umuntu igunya lokuthi usengavele alale nje noma kanjani ngaphandle kokusebenzisa ikhondomu uma eya ocansini, ngoba kuwanciphisa ngo 60% kuphela amathuba okuthola isandulela ngculazi.

Ngakho-ke kubalulekile ukuhubeka nokusebenzisa ijazi lomkhwenyana kowesilisa, nokusebenzisa izindlela zokugwema ukukhulelwu okungahlelelwu kowesifazane.

*UDkt Sibongiseni Dhlomo uwuNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natali

Lenyanga esikuyo ingebalulekile kakhulu njengoba kuyo sigubha iqhaza elidlalwa imbhokodo ekwakhiwi kwezwe elinempumelelo.

Ngakho siwuhalumeni walapha KwaZulu-Natal siyazibophezelwa ekutheni sizosebenza ngokungenamkhawulo ukuqinisekisa ukuthi abantu besimame bayathuthuka.

Kuyinto eqala ngqa ngalohulumeni ukuthi udaba lokuthuthukisa abantu besifazane lubekwe phezulu eghulwini lohla Iwezinto uhulumeni azenzayo, njengoba phela ohulumeni bobandlululo abedlule babengayishayi ndiva indaba yokwesekela abesifazane.

"Sithi kwi mbokodo iyohlale ingamaqhawe ezwe. Iyona kanye eyakha isisekelo esiqinile salenkululeko esiyibona namuhla.

Okubuhlungu ukuthi iningi labo ladlula emhlabeni lingasazidlanga izithelo zobuqhawe bazo," kuchaza uNggongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu esifundazweni, umhonishwa uNomusa Dube-Ncube.

U-Mnyango uyazikhanda mayelana nokuthuthukiswa kwabantu besifazane, uphinde futhi uzibandakanye ezinhlelweni eziningi zokuthuthukiswa kwabo.

Inyanga ka Ncwaba ibalulekile kakhulu emlandweni wezwe lethu, njengoba sonke sazi ukuthi ngale nyanga, imbokodo iholwa ngomama uHelen Joseph; Rahima Moosa; Sophia Williams-De Bruyn kanye no-Lilian Ngoyi, nabanye, yamashela ezindlini zombuso

UNkk NOMUSA DUBE-NCUBE

UNGQONGQOSHE WEZOKUBUSA NGOKUBAMBISANA NEZINDABA ZOBUHOLI BENDABUKO KWAZULU-NATAL



U-COGTA UBOPHE ISIFOCIYA KWEYABESIFAZANE



Leli yithimba labesifazane asebeqashwe noma banyuselwa ezikhundleni zokuphatha emnyangweni u-Cogta esifundazweni, nokuhambisana nezinhlelo zikahulumeni zokunikeza amathuba angcono kwabesifazane.

OCHWEPHESHE BAZOTHUTHUKISA I-KWAZULU-NATAL

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sizohlomula kakhulu ohlelweni olusha lokuthuthukisa izinga lokulethwa kwezidingo-nqqangi zemiphakathi. Lokhu kulandela isimemezelo esesilethe injabulo enkulu kwabaningi, sokuthi omasipala besifundazwe lesi bazoba yingxene yalabo abakuzwelone abazohlomula ohlelweni lokutshalwa kwamathimba anamakhono ayivela kancane, nokho asemqoka

ekwakhiwi kengqalasizinda komasipala. U-Nggongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zoMdabu kuzwelone, uDokotela uZweli Mkhize, usanda kumemezelu ukuthi ezweni lonke kuzothunyelwa amathimba anamakhono obunjiniyela kanye nokusingathwa kwezimali, ukuze asize oMasipala ababukeka bentula usizo lokwenza lemisenbenzi. Kanti iKwaZulu-Natali inomasipala bangu 18 abahlomule

ngalamathimba, nokuyinto ezobasiza kakhulu ukuthi kuqinisekisa ukuthi izinkinga ezikhona koMasipala bethu ziya setshenzwa zisombululwe, kwazise phela omasipala abanigi bagcina bengasakwazi ukuletha izidindo ezifana namanzi, ugesi nemigwaqo ngenxa nje yesihibe sokuthi

abanabo ochwepheshe abafana nalaba," usho kanje uzakwabo kaMkhize ezingeni lesiFundazwe, umhonishwa uNomusa Dube-Ncube, nobephuphuma intokozo, kwazise unentshisekelo enkulu ekuthuthukisweni komsebenzi womasipala ukuletha izidongo-nqqangi kubantu emakhaya.

"Umnyango uCogta usuvele usunazo izinhlelo zokuthumela amathimba ahlukahlu kene ukulekelela omasipala

esifundazweni. Lokhu kuzokwenziwa ngoba siyazi ukuthi lesigaba sikahulumeni sibaluleke kakhulu njengoba kuyisona esisondele kubantu," kuchaza uNzwakele. "Sinethemba lokuthi lesisisekelo esesisakhile ngempela sizoba nomthelela omuhle kakhulu ekutheni kubelula ukuthi lamathimba asilekelele kube noshintsho olukhulu komasipala bethu, nokuzosiza abantu bakithi abalambele intuthuko."

Kwakhiwa izinhlaka ezididiyele zokuxhumana nomphakathi

MABUYI MKARRY

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ususungule izinhlaka ezididiyele zokuxhumana nomphakathi okuyizona ezizoqinisekisa ukuthi zonke izindaba eziphathelene nezokuthutha zidingidwa kumawadi ahlukene.

Lona ngomunye wemibono eqhamuke emuva kokubanjwa kwengqungquthela ebizwa nge-Consultative Indaba lapho kufikwe khona esivumelwaneni sokuqedza izinhlaka ezifana ne-Rural Road Transport Forum (RRTF), i-Community Road Safety Council (CRSC) ne-Public Transport Passenger Association (PTPA).

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda utha kube nezithangami zokwethulwa kwalezi zinhlaka kusukela ngo-December nyakenyi kwaze kwaba ngu-February

nonyaka lapho amalungu amasha aziswe kabanzi ngomsebenzi wawa nemigomo yoMnyango.

Lesi sithangami sokuco belelana ngolwazi besenziwe ngokubambisana noMnyango wezokuBusa ngokuBambisana nezoMdabu (COGTA) ukuqinisekisa ukuthi kukhona ukusebenziana phakathi kweKomidi lezokuThutha kanjalo namaKomidi amaWadi.

Imisebenzi yeKomidi lezokuThutha elididiyele ukwenza iziphakamiso kuNggongqoshe noma kulowo mutu ommele mayelana nezindaba zezokuthutha esifundazweni nokweluleka umnyango ngezindaba ezithinta ukugcinwa komthetho, ingqalasizinda yezomgwaqo nokufundisa amakomidi ngezokuthutha esifundazweni i-KwaZulu-Natali. Leli komidi izobeka eghulwini ukwakhiwi

nokunakekelwa kwemigwaqo yasezindaweni zokuhlala, eyezifunda nemigwaqo yesifundazwe.

Lizophinde libe ngumxhumanisi phakathi kwemiphakathi, umnyango nomasipala ukuqinisekisa ukutholakala kwezinhlelo zomnyango zezokuthutha.

Lolu hlaka yilona oluzophendula kuNggongqoshe, iKomidi leWadi nemiphakathi yamawadi ngomsebenzi walo.

Ingxene yamalungu ezinhlaka zamakomidi ezokuthutha athamele umhlango KwaMhlabuyalingana.



wohulumeni wobandlululo ngonyaka ka-1956, bezwakalisa ukungahambisani nemithetho yamapasi.

"Siwumnyango, ngayo lenyanga siyazibandakanya kwi phalamende lomama kanye nomgubho wosuku lomama.

Phakathi kokunye umnyango usingethe uhlelo Iwe Community Works Programme (CWP), kulona okuhlomula kakhulu omama kanye netsha," kuqhube uDube-Ncube.

(Lolu lunguhlelo lapho khona kuqashwa abantu emiphakathini yethu, basebenze ezinhlelweni zokunakekela imindeni nokuhanza izindawo okuhlalwa kuzona, phakathi kokuningi abakwenzayo.)

"Sakuveza futhi ukuthi emnyangweni wethu u 50% wezikhundla eziphezulu zisezandleni zabisifazane.

Sikhulumile futhi ngezinhlerekazi zethu lakhona siqequesha amakhansela esifazane ngokunjalo namakhosi esifazane ukuthi ahole imiphakathi yawo ngobuqotho.

Sakubeka futhi ukuthi asimile, kumanje siphezu kwezinhlelo eziningi lakhona sifuna ukuthi abesifazane bathuthuke."

K USAFANELE
 iminyango kahulumeni
 KwaZulu-Natal iqinise
 isifociya kwezezimali
 ukuze ikwazi ukubhekana
 nezinselelo zezomnotho okhula
 ngezinga eliphansi.

"Uma kongwa isenti nesenti bese
 kuqiniwa ekwenzeni umsebenzi
 wokuhlinzeka izidingo kubantu,
 uhulumeni wesiFundazwe
 uzokwazi ukuthuthukisa izimpilo
 zabantu futhi uhlizkele impilo
 engcono kubantu eKZN.

"Ngikusho lokhu nginesiqiniseko
 sokuthi uhulumeni wethu
 uzibophezele ekubhekaneni
 nezinselelo zezomnotho okhula
 ngesivinini esiphansi kunaLeso
 esisisifayo."

Lawa ngamazwi kaNgqongqoshe
 wezeziMali KwaZulu-Natal,
 uNkosikazi Belinda Scott, eyala
 iminyango kahulumeni ukuthi
 iphathe imali ngendlela kulo
 nyakamali wezi 2018/19.

Uthe unyakamali wezi 2017/18
 ukhombisa isimo esinzima
 sokukhula okuncane komnotho
 emhlabeni jikelele, eNingizimu
 Afrika kanye naseKZN.

Kwaqagulwa ukukhula okuyi
 1.5% esifundazweni ngewezi 2017.

Lolu qagulo Iwenziwa kubukwa
 ukungenzi kahle komnotho
 kwezelimo, ezamahlathi,
 nakwezezinhlanzi, ezezimbiwa,
 ezogesi kanye nezohwebo.

UNqq. Scott uqhube wathi:
 "Ngenxa yalesi simo somnotho
 esinengcindezi, kanjalo nesidindo
 sokufaka uchatha emalini
 eyisongezo kwezokuhlinzekwa
 kwezidingo emphakathini,
 kudingke ukuthi uMnyango
 wezokuGcinwa kwaMafa
 kuZwelonke uqinise isitilobho
 ohlelweni Iwabo lokuhlela kabusha
 isabelomali kodwa futhi uvikele
 ukuphakelwa kwezidingo kubantu."
 Ngonyakamali wezi 2016/17,

UNkk BELINDA SCOTT

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATAL



IMINYANGO KAHULUMENI KWAZULU-NATAL KUMELE IQINISE ISIFOCIYA KWEZEZIMALI

uHulumeni uqalise uhlelo
 lokunciphisa isabelomali
 eziFundazweni, nokuyinto
 eqhubekile ngowezi 2017/18 -
 ikakhulukazi emalini eyizibonelelo
 zeifundazwe.

IKwaZulu-Natal ibhekane
 nokuncishwa kwsabelomali
 okukhulu kule minyaka
 yezimali edlule.

Kusukela kubuyekezwe izibalo
 zabantu eNingizimu Afrika
 okwaveza ukuthi sikhule kakhulu
 isibalo sabantu abaseGauteng
 kunabaseKZN. Nakuba kuhona
 lezi zinselelo ezibalwe ngenhla,

uMnyango wezokuGcinwa
 kwaMafa eKZN uqhubekile
 nokwenza umsebenzi wawo
 njengokuyalela koMthetho uLawula
 ukuPhathwa nokuSetshenziswa
 kweziMali zikaHulumeni.

Wonke amaKomidi
 asesiShayamthetho aqondene
 nalolu daba azisiwe
 ngokuncishwa kwsabelomali
 kanjalo nezinhlelo zikahulumeni
 zokuqinisekisa ukuthi kunozinzo.

Kwaphinde kwabukwa ngeso
 lokhozi ukusetshenziswa kwezimali
 yiminyango kahulumeni
 wesifundazwe eyi 15 kanye

nezikhungo zikahulumeni eziyi 16.
 UNqq. Scott uthi ukuphatha imali
 kahulumeni ngendlela ehlelekile
 kulesi sifundazwe kumhlaba
 umxhwele.

"Lokhu sikwenza ngokuqinisa
 uhlelo Iwezokuqapha imisebenzi
 kahulumeni nokulandela imigomo
 ebekiwe ukunqanda incithakalo
 yezimali zikahulumeni, bese
 siqinisekisa ukuthi isabelomali
 nemali iphethwe ngendlela efanele.

"Lokhu kuholele ekutheni
 isifundazwe singafiki kwiphesenti
 elilodwa lapho sichezuka
 ezinhlelweni zokusebenzia imali

UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI KWAZULU-NATALI, U-BELINDA SCOTT WETHULA UHLELO LOKONGA



UNqq. Scott ekhuluma namalungu omphakathi eMlazi Mega City



UNqq. Scott ekhuluma namalungu omphakathi emkhankaseni

UNggongqoshe wezeZimali
 KwaZulu-Natal uBelinda Scott,
 neNhloko yoMnyango
 kaMgcinimafa uSimiso Magagula
 kulenyanga bethule
 ngokusemthethweni umkhankaso
 womnyango wokonga
 enxanxatheleni yezitolo uMlazi
 Mega City zingu 3 kuJuly 2018.

Njengoba inyanga kaNtulikazi
 yaziwa ngeNyanga yoKonga,
 umyalezo womnyango ufile
 ngesikhathi esihle.

Ngalenyanga yonke iminyango
 yoMgcinimafa ezweni jikelele
 igquqquzela ukuthuthukisa
 kweziko lokonga imali.

Locimbi ohanjelwe izindimbane
 zabantu baseMlazi, abancane
 nabadala, abesilisa nabesifazane,
 ube impumelelo enku emva
 kokuthi wenzeke ngokumbansana
 phakathi koMnyango
 kaMgcinimafa, isikhondlakhondla
 somsakazo uKhozi FM noMlazi
 Mega City.

UNggongqoshe neNhloko
 yoMnyango nabasebenzi babo
 bakhwingce imikhono, bagqoka
 amavesti bahamba zonke izintuba
 zalenxanxathela yezitolo
 nasesikhungweni samatekisi
 behkuluma hhayi kuphela
 nabathengi, kodwa kanjalo
 nabagibeli, abashayeli nabadayisa
 emgwaqen.

Ngokuhamisa nomylezo
 "Ukusebeniza imali yakho
 ngokuhlakan", uNqq. Scott noMnu.
 Magagula bakhulumile kabanzi
 nabathengi nabagibeli eMlazi Mega
 City nasesikhumulweni samatekisi
 bebakhuthaza ukonga imali
 njengoba isimo somnotho
 sitshekile nje futhi kubhekenwe
 nesimo sezimali esinzima
 emhlabeni naseNingizimu Afrika.

UNqq. u-Scott utshele abalaleli
 boKhozi FM ukuthi akudingi uze
 ube nezizumbulu zezinkulungwane
 zamaRandi ukuze ugale wonge.

Ugcizelelile ukuthi nemali
 yesabelo sesondlo sezingane nayo
 ingahamba ibanga elide
 ukuhlangabezana nezinselelo uma
 yongiwe.

"Kulezikathini ezinzima, siyazi
 ukuthi abantu bakithi badinsa
 kanzima ukuphila kahle, kodwa
 sekucacile emhlabeni wonke ukuthi
 ukonga imali enye yezdlela
 umuntu angazisebenzisela zona
 ukuba nokukhululeka ezimalini.

Kanjalo-ke, sifuna lomyalezo
 ubhebhethike kubantu abaningi
 ukuthi umnotho ungasimama
 kakhulu uma kongwa,"
 usho kanjalo.

Umyalezo kaNqq. uScott
 ukwazile ukufika kubantu
 abayizigidi ezine abebelalele
 uKhozi FM ngenkathi lisakaza

- kanti eminyakeni eyisikhombisa
 edlule bekungenzeki lokhu.

"Siyaziggaja ngalokhu," kulandisa
 uScott, engeza ngokuthi
 sisahubeka isifundazwe ngokuba
 nemali ehlezi ebhange kusukela
 ngoMay 2010.

Upethe ngokuthi uhulumeni
 wesifundazwe uyaziqhenya
 ngokuthi uqhubeku nokukhipha
 imibiko yezimali emihle nakuba
 kunezinselelo eziningi.

Uncome izisebenzi zomnyango
 ezisebenza ngokuzikhanda
 zisebenzisana nezeminye
 iminyango kahulumeni,
 nezezhungo zikahulumeni kanye
 nezomasipala.

*"Lokhu kuholele
 ekutheni isifundazwe
 singafiki kwiphesenti
 elilodwa lapho
 sichezuka
 ezinhlelweni
 zokusebenzia imali -
 kanti eminyakeni
 eyisikhombisa edlule
 bekungenzeki lokhu.
 Siyaziggaja
 ngalokhu."*

bukhona phakathi kuka12pm no
 3pm ohlelweni lukaMroza noSbu
 Buthelezi.

INhloko yoMnyango uMnu.
 Magagula uzwakalise
 ukuwuthakasela lomyalezo athe
 uye ngqo kubantu emazingeni
 aphansi.

"Ukuwasabalalisa kabanzi
 lomyalezo kokwenza kubu ngcono
 ekuthini sibone ushintsho esimweni
 somnotho.

Ngijabulile ukuthi umyalezo wethu
 wemukelwe kahle futhi abantu
 bebekunxanele ukuthola ukuthi
 bengonga kanjani," kusho uMnu.
 Magagula.

Lolusuku luphinde lanika
 amabhizinisi, ikakhulukazi lawo
 ahweba ngezimali, ukuthi eze
 nawo azokhangisa aphinde
 asabalalise umyalezo kubantu
 baseMlazi.

*"Sifuna lomyalezo
 ubhebhethike
 kubantu abaningi
 ukuthi umnotho
 ungasimama kakhulu
 uma kongwa."*

GUGU XABA

UMNYANGO
Wezobuciko Namasiko
esifundazweni
usebenza
ngokuzikhanda ukukhuthaza
usikomphilo lokufunda entsheni
nakwabadal.

Lokhu kufakazelwa yisivinini
uMnyango owakha ngaso ingqalisa
sindisa eseqophelweni eliphezulu
yemitapo yolwazi emiphakathini.

Inhoso yoMnyango wukuthi
yonke imitapo yolwazi ihambisan
nesikhathi samanje ngokuthi ibe
nezinsiza-kusebenza ezintsha-sha
futhi eziseqophelweni eliphezulu
okungaba ngama e-books portal,
audio-visual materials,
amaphephaphuku,
amaphephanda, amathoyizi
ezingane nezindawo zokudlala
amagemu. Konke lokhu kubiza
inani elingu-R35million isikhungo
ngasinye, kungakhathalekile ukuthi
sikuyiphi indawo lesi sikhungo.

Umshikashika wokwakhiwa
nokulungiswa kwemitapo yolwazi
ugqame kakhulu ngonyaka odlule
u-2017, ngenkathi uMnyango
uphuthula ukwakha iManyiseni
Library ngaphansi kukamasipala
iJozini neBruntville Library,
eMpofana.

Zisuka nje kulonyaka
sesiphothule iVulamehlo Library
ekumasipala uMdoni, yona ephele
ezinyangeni ezimbalwa ezedlule.

Sikhuluma nje ingu-196 imitapo
yolwazi esifundazweni, okuyinani
okulindeleke ukuba lenyuke
kwazise kunemitapo yolwazi
esakhwayo okubalwa kuyo
iCharlestown Library eNewcastle,
yiNgwavuma Library eJozini,
yiBilanyoni Study Library eDumbe
nePort Shepstone Library
ekumasipala iRay Nkonyeni.

OwaseRay Nkonyeni umtapo
yolwazi wehluke ngokuthi
umphakathi uyothi ufunda
ngaphakathi ube ubuka
namagagasi olwandle egubha
njengoba isakhiwo sawo siyisitezi.
Indlela imiphakathi ekhombisa
ukombe ulwazi ngayo yikho
okwenze sabhukula sathatha
igxathu lokusheshisa ukwakha
nokulungisa izakhiwo eziyimitapo
yolwazi.

Ms Nonkululo Sicetsha (31) was overjoyed when the Department handed her the keys to her new disable-friendly home. Her days of living in appalling conditions in a cramped structure in an informal settlement in Clare Estate's Zone 1 were finally over.

"This is like a fairy tale. Things will be much easier for me now," she said as she recalled being carried from the bottom of a hill on a relative's back, along a muddy path in between shacks, whenever she needed to visit the clinic or collect her grant.

Nonkululo's plight was brought to the attention of the Department through Operation Sukuma Sakhe (OSS), a provincial initiative that targets the very heart of poverty.

The Department swiftly responded to the call for intervention by making a provision for her to have a home where she and her 11 year old son can live in comfort and dignity.

"I am so happy that my son will have a proper home and be able to play with other children in a safe environment," she said with a smile sitting outside her new home in Cornubia and pointing to the recreational facilities and ample space around her now.

Nonkululo's story highlights one of the many lives that the Department has changed for the better as it attempts to simultaneously counter the effects of rapid urbanisation and provide safe and healthy living conditions.


Census 2011 data indicates that there are a total of 148,889 households (containing 378,988 individuals) living in shacks, of which an estimated 75% of households are within the Province's metropolitan area of

UMnu RAVI PILLAY

UNGQONGQOSHE WEZEMISEBENZI
YOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



"FAIRY TALE" ENDING FOR WOMAN WITH DISABILITY



The shack that was once home to Ms Nonkululo Sicetsha.



A delighted Ms Nonkululo Sicetsha with the keys to her new disable-friendly home.

eThekini. There are currently an estimated number of 75 projects that are addressing various informal settlement areas within the Province.

This year, the Department plans to service 4 425 sites in existing informal settlements and on vacant state land adjacent to the informal settlements, as well as build 5,352 units for low income beneficiaries within the existing informal settlements, mostly in eThekini.

Upon handing over the house, MEC for Human Settlements and Public Works, Ravi Pillay said that this was all possible because the different spheres of government were working together, but also said more needs to be done to ensure that such cases are resolved much quicker.

"We are very delighted to have finally handed the house over to Ms Sicetsha.

We want to make it clear that she did not jump the queue, but that there are policies that the Department must follow which stipulates that cases of this nature need urgent attention and must be prioritised," said Pillay

In its endeavour to ensure "houses, comfort and security" for all, the KwaZulu-Natal Department of Human Settlements realises the individual needs of its citizens. The Department understands that behind every housing application and behind every initiative to tackle the moving target of the housing backlog, lies a human story - a story that can touch the very soul. One such story had a fairy tale ending when a woman with a disability was moved from a shack into her new home in the Cornubia Housing Project.

COMMITTED TOWARDS ELIMINATING THE KWAZULU-NATAL TITLE DEEDS BACKLOG BY 2021

EMadlangeni Municipality's Ward 2 in Utrecht and Osizweni and Madadeni Townships in Newcastle Municipality were the scenes of great jubilation as the MEC for Human Settlements and Public Works, Mr Ravi Pillay, handed over title deeds to residents in these 3 areas, all in one day.

This is the urgency with which the KwaZulu-Natal Department of Human Settlements is tackling the title deeds backlog which stands at 900 000 nationally.

Officials from the KwaZulu-Natal Department of Human Settlements, led by MEC Pillay, continue to travel the length and breadth of the Province implementing a robust title deeds delivery programme.

Through this campaign, the Department hopes to speed up the opening of the formal property market in areas like eMadlangeni, Osizweni and Madadeni.

The visit to these townships followed a visit to Copesville in Pietermaritzburg, when 168 residents there received their title deeds.

The beneficiary verification process does take time because accuracy and correctness cannot be compromised.

However, the Department remains focussed on eliminating

the provincial title deeds backlog of 23 215 for houses built by government before 1994 and 127 479 for houses built after 1994, by 2021.

Despite challenges, such as the opening of township registers and land legal issues, the Department has issued more than 30 000 title deeds (for both pre and post 1994 houses) since 2011.

Beneficiaries are given their rightful ownership of their houses in line with the Human Settlements Department's Enhanced Extended Discount Benefit Scheme (EEDBS) policy instrument.

EEDBS promotes home ownership among tenants of state-financed rental housing, including formal housing and serviced sites.

In addition, the Department has made it priority of ensuring that all new home-owners (totalling 563 000) have title-deeds.

The driving force behind the Department's fast-tracking of the issuing of title deeds is the dignity that is restored in people's lives when they affirm ownership of their assets.



(Above): Mr Howard Piet (59) and his wife Marie Lillian Piet (58) receives their title deed from Deputy Mayor, Cllr Nsikelelo Ndlovu (left) and KZN Department of Human Settlements' Acting Chief Operations Officer, Mr Lawrence Pato (right)



(Below): Mr. Tenesha Joseph Madi (83) proudly holds his title deed to his house at Osizweni C.

SIMPHIWE NDWANDWE

UKUNGENELELA
kukaNgqongqoshe
woMnyango wezoLimo
nokuThuthukisa
kweziNdawo zaseMakhaya
KwaZulu-Natali umhloniwa uMnuz
Themba Mthembu odlameni
obeluphakathi kwabalimi nabahlali
basepulazini eKranskop kulethe
uzinzo phakathi kwalezi
zinhlangothi.

Isimo phambilini sike saba
manzonzo njenhaloku
umphakathi uvuke umbhejazane
washisa amathayi kanye nendlu
yomnikazi welinye lamaPulazi
akuleya ndawo ukhala
ngokumbiwa kwamathuna ezihlolo
zemindenini ezinze kwelinye ipulazi.

Umhloniwa uMthembu
uhambale kuleya ndawo
emasontweni amabili edlule lapho
ebeyozwa ukuthi ingxabano
imayelana nani, nalapho efumane
khona ukuthi impela kuhkona
okuyimigodi ebukeka
njengamathuna eshiye ikhamisile
ngemuva kokugugulwa
kwenhlabathi ebiyembozile
kwasala imigodi ikhamisile.

Lokhu umphakathi utha kube
ymbangela yeziyaluyalu ezibe
seziqubuka kangangoba amalungu
omphakathi abefuna ngodli ukuthi
kuxoshwe umlungu amsola
ngokuthi akawuhloniphi
umphakathi wabasebenzi
basepulazini. Ngesikhathi
esephindela kuleya ndawo
okwesibili uMthembu ufile
esehamba nezinhlaka ezechukene
okubalwa kuzo iziphathimandla
zamaphoyisa, uMnyango
wezoHulumeni baseKhaya
nokuBusa ngokuBambisan,
owezeMihlaba nokuThuthukisa
kweMiphakathi yaseMakhaya
nezinye izinhlaka. Uthe kumzwisa
ubuhlungu ukubona abantu
abahlala emapulazini bengahleli
kahle phakathi kwabo nabankazi

UMnu THEMBA MTHEMBU

UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISA
KWEMIPHAKATHI YASEMAKHAYA KWAZULU-NATAL



UKUNGENELELA KUKAMTHEMBU KUDAMBISE ISIMO ODLAMENI LWABASEMAPULAZINI



UNGqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukisa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, ubehambale eKranskop lapho ebenomhlangano nabahlali basepulazini nabalimi emizamweni yokudala ukuthula phakathi kwabo.

bampulazi. Lokhu utha kumele
kusukunyelwe ngazo zombili
yingakho ebize zonke izinhlaka
ezithintekayo ukuze kuba khona
isixazululo esizothathwa

ngokushesha. Ubikele umphakathi
ukuthi lolu daba uzolwedluliselwa
esigungwini soNgqongqoshe
esiphethi isiFundazwe
saKwaZulu-Natali lapho Iuzobikwa

khona bese kuqhanyukwa
nezisombululo. Uphinde wabamba
umhlangano nabalimi
abathintekayo kuhlanganise
nabaphathi besiteshi samaphoyisa

IMIPHUMELA YABESIFAZANE EMQHUELWANENI WEMISEBENZI YEZOLOMO

LONDIWE NGIDI & PHILANI NDLOVU

KUKLONYELISWE
osomabhizinisi besifazane
abasemkhakheni wezoLimo
esiFundazweni iKwaZulu-Natali
emcimbini owaziwa ngeFemale
Entrepreneur Awards
obuseThekwini muva nje.

Lo mcimbi ubuhlelw
nguMnyango wezoLimo
nokuThuthukisa kweziNdawo
zaseMakhaya ngenhlos
yokuhlonipha iqhaza labesifazane
abasendimeni yezolimo kanye
nokubathuthukisa ukuze
bengagcini nje ngokulima kodwa
baze babe ngosomabhizinisi
abaziwa umhlaba wonke.

Okunye okusuke kubhekiwe
ukuba bakwazi ukudlondlobala
baze basungule amathuba
emisebenzi ngaleylo ndlela
kusizakale nabantu abadla
imbuya ngothi.

UMnyango uba nalo mcimbi
minyaka yonke ngoNcwaba kanti
okuhlukile ngalo nyaka ukuthi
iNingizimu Afrika yonke ibigubha
iminyaka eyikhulu yokuzalwa
kukaMengameli wezwe
osewashona uMnuz Nelson
Mandela, kuhlanganisa
nesishoshovu sowesifazane
owalwela umzabalazo uNkk
Albertina Sisulu.

UNGqongqoshe walo Mnyango,
uMnuz Themba Mthembu, utha
imiklomelo yalo nyaka ihambisana
nokuhlonipha ugalagala
Iweghawekazi Iomzabalazo
umama Sisulu.

"Le miklomelo yalo nyaka
eyokukhumbula nokuhlonipha
umuntu wesifazane owazinikela
kakhulu emzabalazweni umama
Sisulu. Wanikela impilo yakhe
yonke ukuqinisekisa ukuthi
umnotho wabantu abanyama
uyanya nokuqinisekisa
ukuhlisana okuhle kubantu
bonke," kusho uMthembu.

Ugqugquzele bonke abantu
besifazane ukuba bafunde isifundo
kumama Sisulu sokuzinikela kukho
konke abakwenzayo.

Emuva kocwaningo olubanzi
nolugcwele olwensiwe amajaji
behlunga abesifazane
abebegele lo mncintiswano,
kuba sekufika isigaba
sokuklomelisa abanqobile.

Kuklonyeliswe abebevela
emikhakheni eyahlukene kanti uhla
Iwabawinile belumi kanje: I-Best
Female Worker ithathwe
uBhekisephi Banengwe Zulu
waseKing Cetshwayo othathe
u-R50 000, I-Best Female
Subsistence Producer ihame



UNGqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukisa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMhlonishwa uThemba Mthembu, ehalalisela onqobe umklomelo ovelele KwaZulu-Natali, uNksz Thobile Mpontshane, wase-Vryheid

noSizakele Zuma waseRichmond
ohambe noR75 000, i-Top
Entrepreneur Small Holder ilale
eJozini kumfelandawonye
wabesifazane owaziwa
ngeMagema Vegetable and Fruit
Primary Cooperative Ltd ethathe
uR125 000, I-Top Processing
Entrepreneur yemuka neLisalon
t/a fruitie Bellies ethole R125 000.

UThobile Mpontshane
weMampontshi Farming and
Fencing cc yaseVryheid ukhale

wemuka ne-mali engango-R425
000 ehlanganisa imikhakha ye-Top
Commercial Entrepreneur
nomklomelo okhishwa yihhovisi
likaNggongqoshe owaziwa nge-
Youth Award. Ngapezu kwakho
konke lokho uNksz Mpontshane
udle umhlanganiso esiFundazweni
ngaleylo ndlela waba ngozomela
isiFundazwe kuzwelone.

UMpontshane udaysa izingulube
ezingu-80 ezikhiquiza ubhekeni
njalo ngesonto. Unezinkomazi

sakulelya dolobha jengoba esinye
sezikhalo besithi awababophi
abalimi abahlukumeza abasebenzi.
Kuleli phuzu amaphoyisa abe
eseqoka usigaxamabhande
oqhamuka esiteshini sase-Greytown
ukuba azosebenza
eduze nomphakathi
wasemapulazini ukuze kuthi lapho
kuvulwa amacala abaphenyi
basheshe bawaxazulule amacala.

UMthembu utha lena ngenye
yezinkinga eqhamuka ngenxa
kunemisebenzi yokuxazulula inking
yokubuyiswa komhlaba ezweni.

Lokhu ukusho ngoba umphakathi
ubusufuna ukuthi libuye kabantu
ipulazi ngokuphazima kweso. Uthe
kumele kulindwe ukuthi uHulumeni
aphothule izithangami zokulalelw
kwezikhalo zomphakathi ngodaba
lomhlaba ukuze kulandeletek yonke
imigudu yomthetho.

Okunye athe kumele
kusukunyelwe ukuthola indawo
ekahle yokuhlala abantu bakuleliya
pulazi ngoba indawo abazinze
kuyo ibabeka engcupheni
yokumuka namanzi uma
kungahlasela izivunguvungu
nozamcolo kwazise bakhe
endaweni eysikhinsi.

Uthe abahlalai basemapulazini
kuyadingeka bawethembe
uHulumeni ukuthi uzoqhamuka
nesizazululo kulolo daba vele
sekukhona izinyathelo
esezithathwi.

Ube esenxusa umphakathi ukuthi
uqikelele ukuthi bonke abantu
abathintekayo bayaphepha ukuze
kungabi khona ukuphazamiseka
kukusebenza kwengalo yomthetho.

Upethe sngokuthi abantu
abeblise umoya balinde uhlelo
lokubuyiswa komhlaba
olushayelwa yiphalamende elikhulu
eKapa, bangaluvumeli uthuthuva
lone noma yiziphi izinhlelo
ezisenthethweni zokuxazulula
udaba lokubuyiswa komhlaba.

ezingu-220 nezinkunzi
eziyisthupha. Laba besifazane
abanqobile badlala indima enkul
ekukhuliseni imboni yezoLimo
nokugugula umnotho ezweni lonke
iNingizimu Afrika.

Bafea inhloso enkulu yalolu
hlelo Iwemincintiswano
eqhakambisa ukuthi ngabesifazane
abanesandla esikhulu ekondleni
iminden, nasekudaleni amathuba
emisebenzi kanye nokuxosha
ikati eziko.

UKUTSHALWA KWEZIHLAHLA ZE-MACADEMIA NUT KUNGASE KUSIMAMISE UMNOTHO WESIFUNDAZWE

SIMPHIWE NDWANDWE

UKUQUBUKA kwabaliyi abamnyama emkhakheni wokutshalwa kwe-macademia nut sekuvuse ilukuluku nakwabanye abalimi abagxile kumoba ukuthi bajoyine nabo ekutshaleni lo mkhiqizo owenza ezibukwayo ezimaketha zomhlaba.

Okwenza ukuthi i-macademia nut ihambe phambili ngokwenza inzuzo ukuthi yenza imikhiqizo eminingi ehlanganisa amakinati adliwayo, amafutha okugcoba enza isikhumba sibe bushelelezi nezinye izinto eziningi.

Ingqungquthela ebizwa ngokuthi i-Subtrop Transformation Summit ebiseThekwini emasontweni edlule abantu abanangi ibavule amehlo mayelana nalo mkhiqizo odayiswa emazweni aphesheya.

Kule ngqungquthela ebihlelwengabakwa-National Agricultural Marketing Council (Namac) bekukhona abatshali balo mkhiqizo abaphuma eLimpopo, KwaZulu-Natali, Eastern Cape naseMpumalanga bezocobelela ngolwazi ngamathuba nangolwazi olusebenzayo ukukhuphula lo mkhiqizo.

Bekudingidwa ngemikhiqizo evuma ezindaweni ezibizwa ngokuthi ziyo-Subtrop ezenomswakama futu ezipudumele.

IsiFundazwe saKwaZulu-Natal sesingesesibili silandela iMpumalanga ngokutshalwa kwalama kinati akha imikhiqizo eminingi enhlobonhlobo kanti kungenise abantu besifazane



Lesi ngesinye sezihlahla ze-macademia nut esiletha enkulu inzuzo ezimaketha zomhlaba

ekutshalweni kwalolu hlubo Iwesitshalo. Lama kinati enza ezibukwayo ngenzuzzo ezimaketha zomhlaba kanti asethanda ukungenisa kubalimi baKwaZulu-Natali ngaphambilini abebegxile ekutshaleni umoba.

Ezinye izitshalo ezilinywa ezindaweni ezingama-subtrop kungabalwa kuzo i-avocado i-litsi no-mango. Izikhulumi ezelukene zenze izethulo mayelana nemikhiqizo eyehlukene kule ngqungquthela ikakhulukazi

emkhiqizweni we-avocado njengoba nayo inemikhiqizo eyehlukene engaphansi kwayo. UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnu Themba

Mthembu, uthe kuyakhuthaza ukubona abesifazane bengenisa kulo mkhakha.

Uthe kumele umkhakha wezolimo uvulelekele nakubalimi ababencishwe amathuba ukuze kuhlomule uwonkewonke ngaphansi kwalo mkhakha.

Ube esepongela labo asebengenile kulo mkhakha wabanxusa ukuthi bazibambe ziqine ukuze bafake igxalaba ekuthuthukisweni komnotho wezindawo zasemakhaya.

Kube khona nezinkulomo mpikiswano kule ngqungquthela mayelana nezindlela okunganikezwa ngazo amathuba abalimi abasafufusa.

Angu-17 7 00 amahektha okutshalwe kuwo ama-macademia nut ezweni lonke kanti esifundazweni iMpumalanga okuyisona esihamba phambili angu-7 200 bese kuthi KwaZulu-Natali kuge ngamahektha angu-6 300.

Zonke lezi zibalo ngezika-2017 kanti ziyyizinkomba zokudlondlobala kwalesi sitshalo muva nje.

Kubhekeke ukuthi ngo-2025 abatshali be-macademia nut babe sebetshala amahektha angu-20 000 okukhiqizwa kuwo amakinati ngendlela yebhizinisi elizimele futhi elisimamayo.

IMBIZA IBIZIWA NGOITHI KUBUNGAZWA ABESIFAZANE ABASEBENZELA UMNAYANGO WEZOLIMO



Lena yingxene yabesifazane abebethamele umcimbi wokubungazwa kwabo njengoba lena kuyinyanya yokutusa iqhaza elibanje ngabesifazne emiphakathini nasekulweleni amalungelo abantu

XOLISWA MNGUNI

INYANGA kaNcwaba eNingizimu Africa yaqokwa njengenyanga yokubungaza imbokodo ngeqhaza layo ekuthuthukiseni umphakathi nasekulweleni amalungelo abantu.

Ibaluleke kakhulu kubantu besifazane ngoba ibanikeza ithuba nesikhathi sokuhlanganya ndawonye bezokwakhana njengembokodo, baxoxisane ngezingqinamba abahlangabezanu nazo nsukuzonke emsebenzini

kanye nasempilweni. Evula umcimbi uNksz uJabu Majola oyisiphathimandla eMnyangweni wezoLimo, ukhulume ngokubaluleka kokuba abantu besimame babambisanu emsebenzini baphinde bethathe

indawo yabo ezikhundleni eziphezulu ngoba nabo sebeyakwazi ukwenze umsebenzi owenziwa abantu besilisa.

UNksz Majola uveze ukubaluleka kokusebenza ngokuzikhanda ezikhundleni abaziphethe njengembokodo, uphinde wakhuthaza abesimame ukuba bazithembe uma benza umsebenzi bangazinyezi nhlobo ngamakhono abo.

Uthe ukubaluleka kokusebenziana njengabantu besifazane kuyohlale kucizelelw, wakhuthaza abesifazane abasebasha ukuthi uma befuna ukufunda umsebenzi bengasabi ukuba indlela kwabaphambili ukuze nabo bezokhula emsebenzini.

UNksz Tanya Stielau obengesinye sezikhulumi ebezikhona, ukhulume ngokubaluleka komuntu wesifazane empilweni ngoba eyedwa ufaka iziggoko eziningi.

Esokuba umama, unkosikazi, udade, umngani kanye nokuba umsebenzi noma umphathi.

"Kubalulekile ukuba umuntu wesifazane azibeku yena phambili kualo ngoba ngeke akwazi

ukunakekela wonke umuntu uma yena engaphilile emzimbeni kanye nasempfumulweni, kumele inkomishi yakho igcwale ize ichichime kuqala ngaphambi kokuba ugcwalise izinkomishi zabanye abantu kuqala" kusho uNksz Stielau.

Lokhu kubalulekile kakhulu ngoba uma ingagcwele eyakho inkomishi uzosalu ungenalutho. Omunye wezihambeli ebezikhona uMnu Thamsanqa Mncube ophuma kwi-Commission for Gender Equality ukhulume kabanzu ngokubaluleka kokwazi amalungelo akho emsebenzini.

Ukhulume ngokubaluleka kokulwela amalungelo akho nokukhuluma ungathuli emsebenzini ngoba wonke umuntu kumele aphathwe ngendlela efanayo noma ngabe ungumuntu wesimame noma ungumuntu wesilisa.

UMncube uthe kubalulekile ukuba njengomuntu wesimame ukhulume uma uhlukumezekile emsebenzini ngoba kuyilungelo lakho ukuba usebenze endaweni ephephile.

MABUYI MKARRY

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuqalise ngohlelo lokuqamba kabusha izakhiwo zawo, ngenhloso yokugqgqquzel uguquku nokuqinisekisa ukuthi izakhamuzi zesifundazwe ziaykwazi ukuziyamanisa ngokuziqhenya namagama amahhovisi okusiza umphakathi. Muva nje lo Mnyango wethule ngokomthetho igama lenhloko-hhovisi eseyaziwa ngeNkosi Mhlabunzima Maphumulo House. Igama leNkosi Maphumulo likhethwe phakathi kwamaningi abethulwe phambi kweKhabhinethi yesifundazwe.

Ngalolu hlelo uMnyango uhlose ukuhlonipha labo ababambe iqhaza ekubunjweni kweNingizimu Afrika yentando yeningi, nalabo ababamba iqhaza emzabalazweni wenkululeko kanye nabanye abasa qhubeka nokwenza umehluko emiphakathini yabo.

UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usungulwe ngo-1994 kulandela uhlelo lokuhlanganisa phakathi kweNatal Roads Department neKwaZulu Transport, okuyiminyango eyayisebenza ngokohlelo Iwesikhathi sobandlululo.

Ikomkhulu lawo llokhu laba ku-172 Burger Street edolobheni eMgungundlovu, kodwa alikaze libe negama elisemthethweni.

Ngokuhambisana nohlelo lokulethwa kwezinguquko, uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ugcizelele isidingo sokuba kuqalwe ngokuqanjwa kwegama lenhloko-hhovisi, bese uhlelo Iusabalala nesifundazwe sonke.

Ephawula ngalo msebenzi uKaunda uthe: "Sizizwa sihloniphekule futhi sibusisekile ngokuhlanganisa negama lomuntu onjengeNkosi uMhlabunzima Maphumulo.

Amagalelo eNkosi uMaphumulo siwahlanganisa ngqo nomsebenzi esibekelwe wona wokuguqula izimpilo zabantu bakithi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya.

UKAUNDA UZIFIKELE MATHUPHA ESIKHUNGWENI SAMALAYISENSI EHOWICK

NONHLANHLA NDWANDWE

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uhambele isikhungo samalayisensi, i-Driver License Testing Centre (DLTC) eHowick, kulandela ukuboshwa kwabahloli abangu-16 abasolwa ngokuhwabanisa nenkohlakalo.

UKaunda ngokubambisana noMasipala waseMngeni, uhambele lesi siteshi ebese sinezinyanga sivaliwe nesivilwe ezinyangeni ezimbili ezedlule, ukuyohlola ukusebenza kwaso nokuthi athole ithuba lokuxhumana nabahloli abasha kanye namalungu omphakathi.

"Ukuhambela kwami kulesi sikhungo kuyingxene yokuzbophezelu kwami engakwenza ngesikhathi ngethula isabelo mali ekuqaleni kwalu nyaka, nokungukulwa

UMnu MXOLISI KAUNDA

UNGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL



IQANJWE IGAMA INHLOKO-HHOVISI YOMNYANGO WEZOKUTHUTHA



Kusuka kwesokunxele uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda, iNkosi uNhlanipho Maphumulo, uNdunkulu uMnu Willies Mchunu noNdunkulu obuye abe iMeya yesiFunda uMgungundlovu, uNkk Thebekile Maphumulo ngenkathi bevula ngokomthetho umbhalo webhilidi loMnyango wezokuThutha eselibizwa ngeNkosi Mhlabunzima Maphumulo House. Isithombe: **MBUYISELO NDLOVU**

"Sizoqhubeka siwugcine uphila umlando wabantu abafana neNkosi uMaphumulo ukuze izizukulwane ezizayo zikwazi ukufezekisa umbono wakhe ukuze sibe nesizwe esinokuthula nempumelelo." INkosi uMaphumulo yaba negalelo emzabalazweni wenkululeko

eNingizimu Afriaka nokuletha ukuthula KwaZulu-Natal njengeNkosi yesizwe saKwaMaphumulo noMongameli wokuqala weCongress of Traditional Leaders of South Africa (Contralesa). Wathola ukuhlonishwa njengenkosi yokuthula ngenkathi

elwa nodlame olwalwesekwa uhulumeni wobandlululo ngeminyaka yo-1980. Ngo-December 1990 ujenga Iwezimoto olwalubheke KwaMaphumulo Iwalalelwu unyendle. Kwadutshulwa kwashona abantu abathathu abanye balimala.



UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ukhuluma nabasebenzi ngenkathi ehambele isikhungo samalayisensi eHowick. Isithombe: **ZINGISA HLATHI**

abafake izicelo ukuthi baphumelele ekuphaseni ukuhlolela amalayisensi okushayela. USomlomo kaMasipala waseMngeni, uKhansela Zine

Dlamini uthe laba basebenzi bakaMasipala bazongena ohleweni lokuqondiswa kwezigwegwe futhi banikezwie izincwadi ezibamisayo

Kulokhu kwakuhloswe yona iNkosi kodwa yayingekho kulezo zimoto. Abahlaseli abaphelanga amandla njengoba iNkosi yadutshulwa yakhotthama ekhaya layo mhlaka 25 February 1991 ineminyaka engu-41 ubudala.

UNDlunkulu weNkosi, uNkk Thobekile Maphumulo - obuye abe iMeya yesiFunda uMgungundlovu, uthe umndeni ududuzekile ngokuthi amagalelo eNkosi emzabalazweni wentando yeningi nokulwela ukuthula KwaZulu-Natal ayabonakala.

"Lona sekube ngunyaka oyisibusiso njengoba sibone uhulumeni ehloni pha amagalelo eNkosi ekulweni nengcindezelo.

Lokhu kuhlanganisa nomklomelo we-Order of Luthuli asanda kuwunikezwa nguMongameli wezwe uMnu Cyril Ramaposa.

Nezingane zethu nabazukulu bayabona ukuthi ubaba wayeyindoda enamagalelo ngempela," kusho uMaphumulo.

Inhloko-Hhovisi yoMnyango wezokuThutha ihlanganisa amahhovisi ahlukene ahlizeka ngezinsiza ezsimeqoka emphakathini nakweminye iminyango kahulumeni.

Kukhona nenyeye yezindlu ezindla kakhulu, iVilla, eyahlonzwa njengendawo yamagugu. Kukhona nesakhwi esaziwa nge-Executive Building, engubuso benhloko-hhovisi nesike yazuza imiklomelo ehlukene njengebhilidi elivelele.

Lokhu sekwenze leli hhovisi laba ngeliheha abantu ukuba bahambele kulona. Uhlelo lokuqanjwa kwezakhiwo luhambisana nohlelo olubanzi lokuqanjwa kwemigwaqo namabhuholo olwethulwe ngoDecember wonyaka odlule ngenkathi kuvulwa umgwaqo ongu-P577 osuwaziwa ngoDumisanai Makhaye Drive, kanti wavulwa ngokomthetho ngowaye-nguMongameli uMnu Jacob Zuma.

UMnyango wezokuThutha usebenzisana nowezobuCiko namaSiko ukuqhuba lolu hlelo esifundazweni sonke.

emsebenzini. Kufanele bavele enkantolo ngo-September ngamacala okuhwabanisa nenkohlakalo.

SIHLE MLOTSHWA

UMnyango wezeMfundu KwaZulu-Natali ubambe umcimbini lapho bekuxwayiswa abafundi ngengozi yokusebenzisa izidakamizwa. Lomcimbi obe nesasasa elikhulu ububanjelwe eNdishini Sports Ground, eMbali, kwisifunda sase Mgungundlovu, mhla zingu 17 August 2018.

Lomcimbi obuhlelwie yihhovisi lika Mphathiswa, uMthandeni DLungwana, ubuhanjelwe nangu Sobaba kaMasipala waseMsunduzi, uCllr Themba Njilo, Umqondisi wesiFunda sase Mgungundlovu, uMnuz Siphamo Mabinza, abaphuma kuMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi, abaphuma kwa-South African Police Services, ilabo asekebabanwa yizidakamizwa kanye nabaye abaningi.

Izikole ezihlomule ngezinkulomo ezakhayo kulomcimbi kubalwa iMehlokazulu High School, iSukuma High School, iZibukezulu High School, iZamazulu High School kanye nezinye eziningi.

Ngaphandle kwezinkulomo ezakhayo, okufike kwahlaba umxhwele abafundi ukuba khona kosaziwayo abangaconsi phansi kubantu abasha, okubalwa kubo u-DJ Syanda, u Dladla Mshunqisi, uKhuzani, uSiyabonga Mpungose kanye nabanye abaningi UThulani Cele, ongumfundu, ozibize ngomunye owake wahlushwa yizidakamizwa esibizwa nge Wunga, ugugquzele abafundi ukuthi bahlukane nalomkhuba wokusebenzisa izidakamizwa.

"Nami ngisake ngaba "yiphara" cishe iminyaka eyishumi, kodwa ngokuthola usizo sengihlukene nezidakamizwa," kusho uCele.

USobaba kaMasipala wase Msunduzi, u Cllr Themba Njilo, wenze okade kungalindelekile ngesikhathi enxusa bonke abafundi abahlushwa yizidakamizwa ukuthi beze ngaphambili ukuze bathole ukusizakala. Bacishe bafika ekhulwini abafundi abagijimele

UMnu MTHANDENI DLUNGWANE

UNGQONGQOSHE WEZEMFUNDU KWAZULU-NATAL



UBE NEGIDIGIDI OWOKUXWAYISA NGEZIDAKAMIZWA



UNgongqoshe wezeMfundu KwaZulu-Natali, uMnuz. Mthandeni DLungwana, ehambisana no sodolobha uMnuz. Themba Njilo kanye nabafundi bezikole zaseMbali bephetho amabhodi okunxenxa ozakwabo ukuthi bazithibe ekusebenziseni izidakamizwa. **Isithombe: SIBANI NGOBESE**

phambili, bathola ukuyalwa nokukhulekelwa kwase kuthathwa izinombolo zabo zocingo ukuthi kuqhutshewa nokubaluleka kanye nokubalekelela. "Njengoba seniphume esixukwini nakhombisa

ukuthi nikhathele yizidakamizwa, kusho ukuthi sekuwukuqala kokusizakala kwenu," kusho uNjilo ophinde wakhulumma kabanzi ngengozi yezidakamizwa, ikakhulukazi lesi esidumile

kulezizinsuku esibizwa ngencika, esenziwa ngokuhlanganisa isiphuzo esibandayo kanye nomuthi womkhuhlane. UMphathiswa weZemfundo KwaZulu-Natali,

UMCWANINIGI MABHUKU JIKELELE UNCOME UMNAYANGO NGOKUPHATHWA KWEZIMALI

NOMPUMELELO GASA

UMnyango wezeMfundu KwaZulu-Natali oholwa uMphathiswa uMthandeni DLungwana ushayelwe ihlombe uMcwaningi Mabhuku Jikelele (Auditor General) ngokusebenzisa nokuphatha kahle izimali zabakhokhi bentela.

Uphinde wancoma lomnyango ngokusebenza ngokuzikhanda ukuze uzuze umbiko ohlanzekile (Unqualified Audit).

Lombiko obuncoma uMnyango ngokwenza kahl uthulwe ngo Lwesihlanu, mhlaka 03 August 2018.

UDlungwana uwuthakasele kakhulu lombiko, "kuyasijabulisa ukuzwa ukuthi ngempela ukusebenza kanzima nokuqikelela kukona konke esikwenzayo kuthela izithelo ezinhle futhi kuyanomeka.

UMnyango uzibophezele ukulungisa wonke amaphutha abehlatshwe uMcwaningi mabhuku, okubalwa ukusheshisa ukuvula imali yaloy oshonile no sethathe umhlalaphansi obekuyizinto ebezisidonsela kakhulu emuva. Sisebenze

kanzima ukulungisa lokhu nokungezinye zezinto uMcwaningi Mabhuku asihalalisela kakhulu ngokukulungisa.

Siyazibopheza ukusebenza kanzima ukuze sihlale sithola imibiko emihle futhi sizoghubeka nethimba lonke eMnyangweni ukuhamba emazwini agquqquzelayo esiwathole kuMcwaningi Mabhuku.

Sizosebenzisana kakhulu neHhovisi loMcwaningi Mabhuku ukuze situthukise izinga lokuphatha kahle izimali zabakhokhi bentela," kunaba uDlungwana.

UNgongqoshe wezeMfundu uMnuz. Mthandeni DLungwana ehambisana nenhloko yoMnyango uDkt. Enock Nzama kanye no CFO uMnuz. Vela Mtshali bemukela umbiko oqhamuka e hhovisi lika Auditor General abamele ihhovisi nguMnuz. Mlungisi Sithole kanye noMnuz. Jonathan Subramoney. **Isithombe: SIBANI NGOBESE**



uMthandeni DLungwana, ukhulume kabanzi ngengozi yokusebenzisa izidakamizwa. "Ngifuna ukunixwayisa ukuthi ningenzi izinto eziphumile endleleni ngoba nifuna ukubonakala nisezintweni.

Kubalulekile ukuthi nizithibe, nifunde ukulinda, niqhubeke nezfundo zenu, ukuze nibe abantu abanekusasa eliqhakazile.

Niyobona ukuthi uma senifundile, izinto enicabanga ukuthi zihle manje ziyoba zinhle kakhulu uma senifundile," kusho uDLungwana, othe ukubone kubalulekile ukuthi babize abantu abasha ukuzonandisa, "ukuze bakhulum ulimi enilijwayele," kusho uMphathiswa kubafundi.

Amaciko ahlukene adedelane ngenkundla enandisa futhi exwayisa abafundi ngengozi yezidakamizwa.

UKhuzani, ongaconsi phansi, ikakhulukazi kubathandi bamaskandi, uxwayise abafundi ngezidakamizwa wakhulum nangokubaluleka kwemfundo.

Izimbongi uSiyabonga kanye noScelo Mpungose bacikoze ngezinkondlo zabo ebeziquqquzelala ukuziphatha kahle kwabafundi.

Abafundi babonge kakhulu kuMphathiswa uDLungwana ngokubenzela uhlelo lapho bethole khona ukusizakala ngezinkulomo ezakhayo bebe bezijabulisa ngesikhathi esifanayo.

"Lolu usuku olubalulekile kithi. Njengoba ngiphumele obala ukuthi nginenkinga yezidakamizwa ngiyethembu ukuthi lolu usuku engeke ngilikohlwhe ngoba Iuzoguqula impilo yami," kusho omunye umfundi eligodliwe igama lakhe.

Lomcimbi ubungaphansi kohlelo loMnyango weZemfundo olubizwa nge-My Life My Future.

LUQHUBEKA NGESIVININI ESIPHEZULU OLOKUGUQULWA KWEZOMNOTHO

SIBONGISENI THABETHE

UMNYANGO wezokuThutha KwaZulu-Natal ulokhu uzipobophezele ngohlelo Iwalo lokuphuthumisa uguquko kwezomnotho, i-Radical Socio-Economic Transformation, kanti lokhu kuhambisana nohlelo lawo lokubhekela ababencishwe amathuba phambilini olwaziwa ngokuthi IGULA.

Ngaphezulu kwencazelo yegama 'Igula' ngesiZulu, kulolu hlelo igama IGULA lifinyeza amagama athi 'Inclusive Growth, Unity and Economic Liberation of Africans in particular and Blacks in general'.

Njengamanje uMnyango usuhlanganise ithimba (Steering Committee), elibhekele ukuhlelwa nokusebenza kwansku zonke kwalolu hlelo njengoba selwamukelwe yisiGungu sesiFundazwe ngonyaka odlule.

UMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda uthi ngesiZulu kuthiwa 'Impi yosongo ayilwi', okusho ukuthi izinhlelo ezimenyezelwayo kumele zikhicize imiphumela ebonakalayo nephathetekayo.

"Akukho ukwehlela ngenzansi uma kuza ekwabiweni komsebenzi nomnotho ikahkulukazi lapho kusebenza izimali zikahulumeni, kanye nakwezomnotho jikelele.

Yikona okusemqoka ekuletheni uzinzo, ukuthuthuka nokukhula kwezenhlalo-mnotho esifundazweni sethu nasezweni lonke. Uguquko esikhulumia ngalo lubheka umkhakha wezokuthutha ngokubanzi, ngoba sikhulwa ngukuthi yiyona ndlela engcono yokuvula iminyango ezingeni lesifundazwe nelikazwelonke," kusho uKaunda.

"Sesikwazile ukuphothula uhlelo Iwezinguqoko kwi-Supply Chain Management lapho yonke imisebenzi yengqalasizinda yenani lika-R10 million noma ngaphezulu ikhangiswa ngokubeka umgomka-35% okumele utholwe osonkontileka bendawo," kuqhube uKaunda.

Ibalelwu u-36 imisebenzi ekhangisiwe ngonyaka wezimalika-2017/18, kodwa yonke ifaka umgomka-35% okumele uye kosonkontileka bendawo.

Osonkontileka abantu-271 sebehlonulile ngalolu hlelo lokubhekela abendawo okube yimisebenzi yenani lika-R300 million. Kukhona futhi osonkontileka bakaVukuzakhe abahlomule ngemisebenzi yenani lika-R525 million.

"Uhlelo lokuthuthukisa osonkontileka luhambisana nalolu hlelo lokuletha uguquko kanti

Iuzoqhubeka luqiniswe uma kuyiwa phambili. Amathuba okuthuthuka kosonkontileka azovuleka ngenkathi kwenziva ama-project amakhulu, kusuka ku-Grade 1 kuya ku-Grade 6, ukuze osonkontileka abasafufusa nabo bathole amathuba okuncintisana ngempumelelo emisebenzini emikhulu.

"Osonkontileka abasafufusa bazothola ukwesekwa okufanele okuzoqinisekisa ukuthi bayakwazi ukuncintisana nezinkampani ezinkulu ezimaketho ezipulelekile kusuka ku-Grade 7 kuya ku-Grade 9," kusho uKaunda.

OKUGQAMILE NGOHLELO LWEZINGUQUKO:

- Kunenqubo-mgomomo ezoqinisekisa ukuthi u-65% wemisebenzi yezin kontileka esemqoka izobandakanya abesifazane, omakadebona bamasosha, nabantu abaphila nokukhubazeza;
- Inqubo-mgomomo yokwakhiwa kwemisebenzi nokuthuthukisa kwamakhono ngukuqinisekisa ukuthi yonke imisebenzi yenani lika-R5 million yakha okungenani ithuba ellidwa lomsebenzi ngokugcwele noma ukuthuthukisa kwamakhono;
- UMnyango ubhekisia



Unqongqoshe WezokuThutha, UkuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal, uMnu Mxolisi Kaunda

abadinga ukubhekela kakhulu (abesifazane, intsha, omakadebona bamasosha nabantu abaphila nokukhubazeza).

"Sesikwazile ukuphothula uhlelo Iwezinguqoko kwi-Supply Chain Management lapho yonke imisebenzi yengqalasizinda yenani lika-R10 million noma ngaphezulu ikhangiswa ngokubeka umgomka-35% okumele utholwe osonkontileka bendawo."

SIVULAIZANDLA UKUZE INTSHA IZIZWE YAMUKELEKILE EZIKHUNGWENI ZEZEMPILO

UMSEBENZI woMnyango wezeMpilo wukuqinisekisa impilo ende nenhle kuzo zonke izakhamuzi zaseNingizimu Afrika, kanti lokhu kubandakanya abantu abasha. Ukuhlinzeka intsha ngezinsiza zezempiro, nokuyisiza izithole kalula nangokukhululeka - ngaphandle kokwehlelwa nokujivazwa - kungenye yezinto esizibeki eqhulwini nezisosinika enku inzuza ukuze sibe yisizwe esiphilile. Uma intsha yakithi inolwazi nezinsiza zokuthatha izinqumo zezempiro eziphusile lokhu kuzokwenza abantu bakithi baphile kahle nakade, kusimame nomnotho wezwe lakithi.

Nokho sekuvelile, futhi kuyasikhathaza kakhulu, ukuthi ngaphezu kwemizamo kahulumeni nezinye izinhlaka, intsha yakuleli isesengcupheni yokungenwa yizifo eziphelelana ngokocansi esibala kuzo i-HIV, ukukhulelwa okungahlelwe, nokukhahlazwa wuphuze oludakayo nezidakamizwa. Sesitholile-ke ukuthi enye yezingqinamba eziphelelana ikusasa lentsha ziphinde zilulaze nelungelo layo elibalulekile lokuthola izinsiza zezempiro wukukhishwa kwayo inyumbazana emphakathini nendlela okusetshenzwa ngayo kwezinye izikhungo zezempiro.

Ngeshwa, ngenxa yokungaqqesheki kahle kwabasebenzi bezempiro intsha efisa ukuhlela umndeni; ekhulelwe; eziphelelana ngokocansi edinga imishanguzo; neddinga ukuchitha isisu (okuyilungelo

elivikelwa wuMthethosisekelo wethu) ngenxa yokukhulelwa okungahlelwe, kuyenzeka izizwe ingemukelele eziphelelana zethu. Ngenhlanhla siwuhalumeni olalelalo. Yingakho ngomhla ka 14 kuZibandile ka-2015, sethule umkhankaso obaluleke kakhulu obizwa nge-Adolescent and Youth user-Friendly Services (AYFS) eZwart-Umfolozi Clinic esifundeni saseZululand. Leli ngelinje lamasu-ngqangi okungelela eliholwa ngu-Nks Zanele Hlatshwayo ngokubambisana no-Nks Monica Jama ophikweni IweNtsha eMnyangweni wethu.

Siyathokoza ukumemezelu ukuthi uMkhandlu kaZwelone wezeMpilo ngomhla 7 kuMbasa 2017 uthathe uhlelo Iwe-AYFS wathi yilo eseluzolandelwa njengomkhakaso kazwelone ukugqquqzela abantu abasha ukuba bahambele izikhungo zezempiro ukuze basheshe bahlolwe njengengxene yeziindlela zokuvikeleka ukuze kunciphe ukubhebhethaka kwe-HIV nokukhulelwa okungahleleli emantombazaneni.

Ngenhlosa yokuba izidindo zezempiro zifinyelele kalula kubantu abasha nabasebancane, abasebenzi bezempiro bahlangane nentsha kwavunyelwana ngeqchinga le - "Happy Hour."

Phezu kokuthi izikhungo zezempiro zivulelele kubantu abasha ngaso sonke isikhathi, i-Happy Hour iyisikhathi esikhethenkile sokuba abantu abasha beze emtholampilo,



njengantambama nangezimpelasonto.

Ngikhuluma nje sesiqeqeshe abahlengikazi basezikhungweni zezempiro eziwu-389 kuzo zonke izinkalo lapha KwaZulu-Natali.

Laba bahlengikazi baqequeshe izinsuku ezinhlanu, beciwja ezingxene yeziqathu ezintathu ezinqala:

- Izigaba ezahlukene zokukhula komntwana ngokomzimba nokomqondo, nokubaluleka kokuxhumana ngendlela efanele nomntwana odinga izinsiza zezeMpilo;
- Imithetho nemiqathango zezempiro nokulindeleke kubasebenzi bezempiro; kanye
- Nokuhlengwa kwentsha enezidindo zezempiro eziphelelana

Lokhu kuqeqeshwa kwabahlengikazi sekukhombise enku impumelelo nenzuzzo njengoba kunentsha esizisholo yona ukuthi emtholampilo

nasezibhedlela sekufana nasekhaya njengoba izizwe yamuukelele.

Nabahlengikazi bazisholo bona ukuthi impilo yabo ayisafani emsebenzini njengoba sebekwazi ukubhekana nanoma yiziphi izingqinamba zezempiro yentsha ngaphandle kokuehlulela.

Akugcini lapho njengoba bonke laba bahlengikazi abaqqeshe sebeyizishoshovu ezishayela izinhlobo ezahlukene zokuguqula indlela yokusebenza eziphelelana zabo zezempiro, esingabala kuzo:

- Ukususwa kwemincle ebonyenza intsha yesabe ukuza emitholampilo nasezibhedlela;
- Ukubekwa kwe-Happy Hour;
- Ukubhekisiswa nokubekwa phambili kwalabo abanezimo noma izidindo zezempiro eziphelelana

izingqinamba nezempiro yentsha (AYFS Youth Care Clubs) lapho intsha izizwe yingxene yomndeni, futhi icijane yodwa nangokubambisana nabahlengikazi ngezindlela

zokuphila okufanele.

Yonke lemisebenzi emihle kangaka izovelu ebhukwini esizolishicilela khona maduze nje, lapho sizoqhakambisa iqhaza elibanjiwe abahlengikazi empumelelweni yalolu hlelo.

Kusihlabu umxhwele ukwazi ukuthi kunabahlengikazi abanikela ngesikhathi sabo ngisho sebeshayisile emsebenzini, nangezimpelasonto ukuqhuba lomsebenzi omuhle kangaka. Bayisibonelo esihle, futhi siyaziqhenya ngabo.

Inhlosa yethu wukuthi kungabi khona ngisho noyedwa umuntu osemusha okhulelwa engaqondile ngoba esabe ukuzocela ama-condom; amaphilisi noma umjovo wokuhlela umndeni.

Kodwa uma kwenzeka ekhulelwa, futhi engafuni ukuteta bese eletha ingane kwabezenhlalakale ukuze bayitholele ikhaya elisemthethwene, kufanele akwazi ukusebensiza ilungelo lapha elivikelwa wuMthethosisekelo lokuchitha isisu ngendlela ephephile nenesithunzi, ngaphandle kokwesaba ukuthi uzokwehlelwa.

Kuyinhlosa yethu futhi ukuthi kungabi khona ngisho noyedwa umuntu omusha ozohlala ekhaya ebe enesifo esithelelana ngokocansi engezi ukuzohlolwa athole imishanguzo ngoba esaba ukaza emtholampilo.

*UDkt Sibongiseni Dhlomo uwuMphathiswa wezeMpilo KwaZulu-Natali

DEPARTMENT'S EPWP GRADUATION PROGRAMME GIVES YOUTH A HEAD START IN LIFE

During Youth Month this year, the Department criss-crossed the Province in different District Municipalities hosting graduation ceremonies to celebrate the remarkable achievements by young learners.

These youth were recognised for successfully completing learnerships in basic housing construction. The Expanded Public Works Programme (EPWP) Construction Learnership project is one of the interventions that Government has in its basket to cushion people from the stark realities of the prevailing economic conditions. It imparts construction skills to young people and also sees them engaged in an activity that changes people's lives through

the provision of basic and safe shelter to their communities.

The training programme saw learners being exposed various modules of housing construction. This exposure and the completion of the training course put them in pole position with respect to getting work opportunities.

Learners were also capacitated on entrepreneurial skills with a view that in future they would be able to establish their own companies.

The modules the learners were exposed to include Bricklaying, Plastering and Plumbing, as well as Roofing and Carpentry. Their training was implemented through ensuring that theoretical and practical components of training were undertaken concurrently within project implementation, thus

enabling them to acquire and apply skills immediately to project activities. The Department's quality assurer, the national Home Builders Registration Council (NHBRC) has also undertaken to provide bursaries to qualifying learners for them to pursue their studies in the Built Environment discipline at a Trade and Vocational Educational Training College (TVET). Graduation ceremonies were held in the Mkhambathini, uMvoti, Maphumulo, uMzumbe and uMuziwabantu Local Municipalities.

A total of 231 graduates received their certificates in five (5) EPWP graduation ceremonies, the first one held on 12 June and the final one for the month on the 26th. More than 2500 people in total attended the ceremonies.



MEC for Human Settlements and Public Works, Mr Ravi Pillay, greets EPWP graduates in uMvoti Local Municipality.

UKAUNDA UBAMBE UMHLANGANO NABAHALALI BASEMPOPHOMENI UKUZOBONISANA NGEZOKUPHEPHA

NHLANHLA KHAMBULE NO NOMTHANDAZO MBESA

UMPHATHISWA wezokuthutha, nokuphepha nokuXhumanisa Umphakathi uMnu. Mxolisi Kaunda, ubize umhlango womphakathi waseMpophomeni, emveni kokubhebhetheka komsindo kanye nokuvalwa kwemigwaqo ngabahlali bakulendawo. Ezinyangeni ezendlule lendawo igubezelwe ifu elimnyama lokudlula emhlabeni kukaGogo Maphumulu obeniminyaka engu-107 watholakala eshonile emzini wakhe. Izinsolo zomphakathi zazikhomba umsoolwa owaziyawo endaweni. Amaphoyisa awenza umsebenzi wawo avula sisitatiende, aphenya ase ebopha kumsolwa ngecalo lokudlwengula nelokubulala.

Ngaphambi kokufihla kuka-Gogo imiphumela yokushona kwakhe yaveza ukuthi uGogo uzushonele akadlwengulwanga futhi akabulawanga loko obekusho ukuthi umsolwa uboshwe ngokungemthetho. Loko kwabanga ukuthi kube khona uqhekeko kulomphakathi. Yize kungenabufakazi, umphakathi waseMpophomeni ubusacabanga ukuthi bekumele aboshwe maphinde agwetshe umsolwa.

Ngenxa yokuhexezela kobufakazi kulelicala amaphoyisa ebengeke akwazi ukumgcina ejele umsolwa.

Ngeshwa ngenxa yokusabela ukuphepha kwempilo yakhe ugcinwe endaweni ephiphile ukuze kuchazwe imphumela yecala emphakathini.



UMphathiswa uKaunda ekhuluma nophakathi waseMpophomeni

UKaunda ubize umhlango womphakathi oseMpophomeni kanye nababambiqhaza abahlukahlukene njengomnyango wokuHlunyeleliswa kwezimilo, Amaphoyisa, NPA kanye neKZNCCPA ngehloso yokuxazulula lesehlakalo. Babe sebechaza kabanzi ngokuphenya kwalelicalala kanye neqhaza elibanja ilezinhlango emphakathini.

UKaunda kwaba uyena okhuluma nomphakathi mayelana ngobugebengu nanokuthi abukhokheli ukwenza ubugebengu, futhi udlame aluxazululi lutho ezinkingeni zomphakathi.

Waqhubeka ngokuthi abazali baneqhaza abangalidla ekulweni

nobugebengu, ukufundisa izingane ngesimilo kanye nempatho elungile ekhaya. Wabe eseshiya umnyalezo osindayo futhi onesizotha kwabesilisa, ethi kubona ukungabi khona kukaBaba empilweni yengane ekhulayo akulungile futhi kumele kugwenywe, ngoba ingane idinga uthando kubona bobabili abazali zikhathi zonke.

Umbimbi uphethe ngokuthi akhuthaze umphakathi waseMpophomeni ngokungazibandakanyi emibhidlangweni yodlame kanye nasekwenzeni ubugebengu.

Wathi umphakathi kumele ubike ubugebngu nalabo abenza ubugebengu kanti futhi bangabika nakuye uqobo.

UKAUNDA UTHULE UHLELO LOKULWISANA NEMIBHIKISHO ENGEKHO EMTHETHWENI

SINDISWA ZIKHALI

UMPHATHISWA wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, UMnu. Mxolisi Kaunda, uhlangise ithimba labezomthetho ukuzokwethula uhlelo lokulwisana nemibhikisho enodlame egubezele isifundazwe saKwaZulu-Natali.

Lomhlango ububanjelwe emahhovisi oMnyango waka-Public Works, eMayville, eThekwini. Emveni kokuba izindawo ezingaphansi kwesiFunda i-Harry Gwala, iTheku, uGu, Umkhanyakude, King Cetshwayo kanye ne iLembe, amanye amalunga azo anquma ukungenela imibhikisho ehambisana nodlame kanye nokudicilela phansi kwengqalasisizinda yomphakathi, uNdankulu wesifundazwe uMhlonishwa uWillies Mchunu, ube esejuba ithimba eliyisipesheli ukuthi libhekane nalomhlola.

Lelithimba libandakanya uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, uMnu. Mxolisi



Umphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu. Mxolisi Kaunda, engena futhi ebingeleta ithimba lezomthetho.

Kaunda, UMPATHISWA woHulumeni basekhaya kanye nezoMdabu, UNKK. Nomusa Dube-Ncube, uMphathiswa Wemisebenzi yomphakathi kanye nokuhlaliswa kwabantu, uMnu. Ravi Pillay kanye noMphathiswa wezemfundo,

uMnu. Mthandeni DLungwane. Umbimbi uhlangise ithimba lamaphoyisa aka-SAPS, RTI kanjalo nalawo aqhamuka koMasipala ukuzokwethula uhlelo okuzogasewa ngalo ukulwisana neziteleka. Kamuva isifundazwe

simane sahlaselwaiziteleka ezingekho emthethweni futhi zinodlame kwavalw aumgwaqo omkhulu onguthela wayeka u-N3 endaweni yase-Mooi River kwaze kwaba ka-4, umgwaqo onguthelawayeka u-N2, esinye saba se-Van Reenen Pass, eThekwini kanye nase-Mgungundlovu.

Lezi ziteleka ezingekho emthethweni amaloli ayi-18 eshiwiwe kwatshontshwa nemphala abeyilayishile kwaphinde kwashiswa nezmoto ezincane, kwaphinde kwashiswa nesakhiwo somtapowlwazi esise-Xopo, zonke lezi zimpahla kanjalo nengqalasizinda idle elikhulu iphaketho.

UKaunda uksuse lelithimba ukuthi lingashiyi lutho lomile, bonke abayotholakala beyingxene yemibhikisho enodlame, edicilela phansi ingqalasizinda kanye nemphala kanjalo naleyo ephazamisa ilungelo labo abangayona ingxene

yemibhikisho baboshwe.

"Njengoba sesiphila esikhathi senkululeko wonke umuntu unelungelo. Nalaba ababhikishayo banelungelo lokuveza ukungagculiseki kwabo ngezimo ezithile abazibonayo.

Inqobo nje uma bezokwenza umbhikisho osemthethweni, bephethe incwadi ebagunyazayo ukwenza njalo, futhi bengalimazi lungelo lamuntu Iowo mbhikisho awukhubi mutu", kusho uKaunda.

Uphinde wabakhumbuza ukuthi ngesikhathi samaholidi kaKhisimuzi lelithimba lasebenza ngokukhulu ukuzikhanda lisebenza ngokumbabisana ukulwisana nobugebengu, izingozi kanye nokuphulwa komthetho womgwaqo njengoba kwaboshwa abangu-438 ngamacala okubamba inkunzi kanye nabangu 6956 ngokuphula umthetho we-Firearm Control Act, Liquor Act kanye Second Hand Goods Act.